

**INKULUMO KANGQONGQOSHE OBAMBILE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UDKT SIBONGISENI DLHOMO EMCIMBINI WOKULAPHA  
IZILONDA ZOMPHEFUMULO EZIDALWA IZINGOZI ZOMGWAQO EMZIMKHULU MHLAKA 12  
DECEMBER 2010**

Mphathi wohlelo;  
UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi uDkt Meshack Radebe;  
Amalungu eSishayamthetho;  
Amakhosi aseNdlunkulu;  
IMeya ehloniphekile;  
Amakhansela;  
Izinduna;  
Umphakathi wamakholwa ngaphansi kwe-Interfaith Committee;  
Izinhlaka zomphakathi zonke ngokwehlukana kwazo;  
Abezindaba;  
Bafowethu nodadewethu;  
Nginyanibingelela nonke.

Mangiqale ngokunibonga nonke ngokuthi nikwazile ukuphumelela uma sinimema kulo mcimbi wanamhlanje. Siyazi ukuthi ngalolu suku lwanamhlanje iningi lethu liba matasatasa ngemicimbi ehlukene emindenini nasezihlotsheni. Siyazi futhi ukuthi abanye bethu kuba nzima ukuphutha ezinkonzweni zabo. Sithi siyabonga ukuthi nonke nisihloniphile uma sihlaba ikhwela njengoHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uKhabazela, sibonga kakhulu.

Yini esiyihlanganele lapha? Namhlanje sithe njengemiNyango kaHulumeni ake siphume sibheke abantu bakithi ababhekene nesimo esisaziyo sonke – isimo esinzima kakhulu sokushiywa isithandwa, noma isihlobo noma umngani, ungalindele. Ukushaqeka kokumangazwa isehlakalo esibuhlungu ungazelele. Uzwe sekuthiwa selidume ledlula.

Uzakwethu uMacingwane ophathiswe lo Mnyango, nengimxoliselayo ngokungaphumeleli ukuzokhuluma nani lapha ngenxa yokuxinwa ngokunye, usiphonsele inselelo ukuba ke siyiphake ngokuhlanganyela manje le mpi yokulwa nezingozi zomgwaqo.

Angithi phela vele phela ukuze inqotshwe impi yalolu hlobo kudingeka ukuthi uHulumeni wonkana kuyo yonke imikhakha ubambe iqhaza ngokubambisana nayo yonke imiphakathini.

Sekukaningi siyichaza indaba yokuthi eNingizimu Afrika sibhekene nenkinga emigwaqeni yethu. Wake wakuzwaphi ukuthi izwe lingalahlekelwa ngabantu abangabi ngaphansi kuka-40 nsuku zonke, kulimale kanzima abangekho ngaphansi kuka-140 njalo nje? Ngonyaka kufa abantu ababalelwa ku 16 000

eziingozini zomgwaqo. Lokhu akugcini nje ngokuthi kube nobuhlungu obungefaniswe kwabathintekile nemindeni yabo, kodwa kudla nemali yabakhokhi bentela ebaelwa ku-R56 billion ngonyaka kukhokhelwa izinto ezahlukene njengezinxephezelo ze-Road Accident Fund (RAF), ukulashwa kwabalimele nokondliwa kwezintandane.

Le mali ngabe isetshenziselwa intuthuko nokwakha amathuba emisebenzi kweminye imikhakha yempilo. Manje uma ubheka igebe esisadinga ukulivala ekwakhiweni kwemigwaqo, ukulethwa kwezidingo zezempilo nokuthuthukiswa komphakathi kwezenhlalakahle, uyabona nje ukuthi ngempela izingozi zomgwaqo zisihlehlisela emuva kanjani.

Manje mphakathi, ikhwela esifuna ukulihlaba lapha siwuHulumeni ngokuthi make sikufake ngaphakathi ezinhliziyweni zethu ukuphepha emgwaqeni njengengxenywe yempilo yethu. Abantu kumele baqale manje baqonde ukuthi uHulumeni akaqondile ukubabangela isicefe kodwa usiza bona.

Sivamile ukubona uma kunesifo esibhebhethekayo uMnyango wezeMpilo uye usabalalise ulwazi ngaleso sifo kodwa ngokushesha bese kuba yibona abantu abaqaphela ukuthi baziphathe ngendlela ezogwema ukubhebhetheka kwaleso sifo. Uthola kukhulunywa ngaso ematekisini, emasontweni nakwezinye izindawo okuhlanganelwa kuzona. Sibona ukuthi sekuyisikhathi sokuthi ezokuphepha emgwaqeni zibe kulelo zinga.

Izingozi zomgwaqo nokufa kwabantu kunomthelela omkhulu enhlalweni nasemnothweni emindenini nasezweni. Njengoba imizi ephethwe izingane idaleka nge-HIV ne AIDS, iyadaleka futhi ngokufa kwabantu emgwaqeni okusuke kungabantu abondla imindeni yabo. Lokhu kuphenduka kube ngumthwalo woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi neSouth African Social Security Agency ngaphansi kobuholi bukaBhungane. Siyanibonga Bhungane ngokuhlale nibhekela le mindeni esuke isenkingeni. Angisaziphathi-ke izindleko eMnyangweni wezeMpilo esingena kuzo ngalezi zingozi, kuphele imibhede, onesi nodokotela engabe balapha abantu abaphethwe ezinye izifo kudingeke baphuthume babhekane nabantu abalimale eziingozini zomgwaqo.

Into esuke idabukise nje ngezingozi yindlela abantu abafa kabuhlungu ngayo bengasakwazanga nokuzilungiselela. Njengoba kade ngisho ukuthi abanye basuke bondla imindeni, bafa besendleleni beyosebenzela izingane zabo.

Abanye kuba yintsha yakithi, ikusasa lethu, esuke iya ezikoleni ukuze iqinisekise ukuthi ikusasa layo liba ngcono. Manje ngenxa yobudedengu bomunye umuntu uthole ukuthi kuyashabalala konke lokho.

Manje-ke sithi njengoHulumeni siyazi konke ukuthi lokhu kushiya abasele ngemuva kungekho okubalungiselela ngokomqondo nangokwezimali ukubhekana nobunzima. Yingakho sithe asiqale lolu

hlelo esithi i-Healing of the Wounds, okusho ukuthi silapha amanxeba. Sizama ukuhlanganisa iminyango kaHulumeni, izinhlaka zezenkolo namakhosi ukuba kulekelelwe imindeni ethintekile. Sifuna ukubheka isimo kusuka kwezempilo, ukuboneleleka kwabantu abasele ngemuva endabeni yesondlo sikaHulumeni, kuya ekunxeshelweni yi-RAF. Sithi-ke amanxeba asiwabhandishe ngalolo hlobo ngaphansi kwalo luhlelo.

Lolu hlelo siluqale ngenyanga ka-October eMsinga. Abantu ababenezinkinga nge-RAF eMsinga sezikwazile ukuqoqa yonke imininingwane yabo, ngomhlaka 14 nje ithimba loMnyango lizobuyela khona ukuyoqedela umsebenzi esesiwuqalile.

Esikunxusayo-ke nalapha ngukuthi abantu bavele noma ngabe banayiphi inkinga nge-RAF. Noma ngabe sebadlulelwa isikhathi njengoba isicelo sifakwa ingakapheli iminyaka emithathu kwenzeke ingozi, sifuna bavele ukuze sazi ukuthi ingakanani inkinga yokudlulelwa yisikhathi kwezicelo nokuthi idalwa yini. Phela nawo umgomo weminyaka emithathu wabekwa ngabantu ngezizathu ezithile. Uma kuvela isidingo asiyiboni into engavimba ukuthi sifake ingcindezi eMnyangweni kazwelonke ukuba kuchitshiyelwe umthetho ukuze kusizakale abantu asebaphelelwa isikhathi.

Siyazi ukuthi ulwazi kubantu abaningi ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya belungafinyeleli kahle ngalezi zinto. Yingakho uthola futhi abantu bakithi sebedlala abameli abathi babafakela izicelo zezinxephezelo kanti bafuna ukuzicebisa bona. NjengoHulumeni ongasohlangothini lwababuthaka, ngeke sikuvumele lokho.

Asiqondile ukuwavusa amanxeba kodwa sifuna ukugcina umgomo wethu wokuthi uma sithi singuHulumeni onakekelayo sisuke singakhohlisi muntu. Siyazi ukuthi nalapha kule ngxenye yesifundazwe sekuke kwaba nezigameko eziningi zokufa nokulimala kwabantu njengoba kwesakamuva silahlekelwe ngabantu abangu-19 engozini eyodwa.

Sengikushilo konke lokhu, ngithanda ukugcizelela ukuthi ngeke sibe yisizwe esisimeme uma impilo yethu izobuswa ngukuthi senza noma kanjani ngoba sinoHulumeni wethu onxephezelayo. Njengoba sekuqale isikhathi senjabulo kaKhisimusi okuyisikhathi sokuyaluzwa kwabantu ngezimoto ngenkathi kuvakashwa amagumbi womane esifundazweni sethu, siyazi ukuthi kuzokubakhona abathanda ukuziphatha ngendlela engamukeleki egcina isiholele ezingeni eliphezulu lezingozi zomgwaqo.

NjengoMnyango wezokuThutha onomsebenzi wokuqinisekisa ukuphepha kwalabo bantu emgwaqeni, sizozhubeka nokuqinisa umgomo wethu ka-100% *compliance* okuhlanganisa nezinhlelo ezazisa futhi zifundise umphakathi wonkana ngezindlela ezifanele zokuziphatha emgwaqeni.

Ungaphuzi uhambe ngezinyawo noma ushayele emgwaqeni ngoba ngokwenza kanjalo ubeka engozini impilo yakho neyabanye abasebenzisa umgwaqo. Utshwala behlisa izinga lokusebenza komqondo wakho ngendlela ejwayelekile. Uma kunesimo esiphuthumayo kuba nzima ukwenza okufanele ukwenze ukugwema ingozi uma udakwe utshwala noma izidakamizwa.

Uma uwumuntu ohamba ngezinyawo udle amanzi amponjwana, kulula ukuthi ucabange ukuthi imoto isekude bese uzama ukweqa umgwaqo ngokushesha, kanti amehlo awasaboni kahle ngenxa yokudakwa.

Mphathi wohlelo, mangibonge ngethuba ngigcine ngokunxusa ukuthi sonke esilapha siphume ngobuningi bethu siyokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni. Sonke esisebenzisa umgwaqo masihloniphe imithetho yomgwaqo senze okufanele.

**Ngiyabonga.**